¹¹⁹ Ngakho, uyabona, nje ngaphi nxa ubungaba...Nxa bengingaba lomuzwa lowo, wokuthi, “Kungani, akulalutho kuwe. Inhlanguzo yakho endala ayilunganga, futhi—futhi lina lonke bantu beChurch of Christ alilunganga. Alilunganga. Lingo—lingodevuli.” Ngangingasoze ngimzuze lowo muntu. Futhi nxa ngabe ngamtshela ukuthi ngiyamthanda, futhi ngingakutsho enhliziyweni yami, wayezabakwazi ngcono. Yikho konke okukhona kukho. Kufanele ukutsho enhliziyweni yakho.

¹²⁰ Futhi kusebusuku lapho engihamba khona kuplatifomu, phansi kokudalula lokho, bona. Angicabangi ngakho. Mina nje angidli, kusukela ngesikhathi sokudla kwantambama; futhi ngizile njalo ngikhuleke, futhi ngihlale ekamelweni. Ngoba, Wangithembisa ukuthi Uzakwenza. Futhi ngakho ngiyahamba ngingela ithunzi lokuthandabuza, ngoba Wathembisa ukuthi Uzakwenza. Ngakhoke, bona, eyami...Ngiyazi isisusa sami si(yini?), injongo yami i(yini?), ngokwengqubekela phambili yoMbuso kaNkulunkulu.

¹²¹ Nxa umuntu ehamba *ngale* indlela, *leyana* indlela, loba yiliphi ibandla ayakulo; nxa nje esiza kuKhristu, akulandaba kimi. Futhi lokho kusenhliziyweni yami. Bona? Futhi kungelani, nxa sihamba futhi sisiyahlanganelana leChurch of Christ, lokho kukahle. Kulungile. Nxa e...Liphi ibandla alihlanganelayo, akulandaba kimi. Nxa nje ngizuzele umphefumulo wakhe kuKhristu, yinto eqakathekileyo.

¹²² Ngakho ngathi, “Mfowethu Ness, hatshi ukwehlukana...” Khathesi ngizaku...Kulungile na ukusebenzisa *lokhu*, mzalwane? [Umzalwane uthi, “Ngempela.”—Mhl.] Ngathi, “Ngifuna ukukhuluma njalo ngichasise.” Futhi, kulokhu, ngingathi kini bazalwane lapha. Khathesi, lingakutsho lokhu phakathi kwamalunga enu. Nxa lizakwenza, futhi lingenzele isihle, yekani—yekani—yekani nje ngibe ngumzalwane wenu. Uyabona? Futhi mina, futhi nxa—nxa ngiphambukile, ngakho lingixolele. Kodwa ngifuna ukuchasisa kini, kuyikuthi kulaqembu amabili ahleli lapha likuseni, awe Oneness futhi i—iAssemblies, njalo, futhi lenkolo yobuthathu.

¹²³ Manje ngifuna ukutsho lumutsho. Ngifuna ukuthi ngithi ngiyakholwa onke amaqembu omabili aphambukile, nxa nje ephikisana wona, ngoba isisusa sabo siphambukile. Futhi nxa nje isisusa sakho siphambukile, kungelani ukuthi injongo yakho injani, kodwa isisusa sakho kuleyonjongo iphambukile, ngakhoke akuyikusebenza. Kuqondile.

¹²⁴ Manje, abanye abantu bathe, “Mfowethu Branham, ungowe Jesus Only.” Ngifuna ukuthi ngithi lelo liphutha. Angisuye weJesus Only.

125 Omunye uthi, “Mfowethu Branham, ungowoButhathu?” Hatshi, mnumzana. Angisuye woButhathu. NgingumKristu. Bona? Mina—mina—mina angi. . . Ibala ubuthathu alikhulunywanga ngitsho laseBhayibhili, ibala “ubuthathu.” Futhi angikholwa ukuthi kuleziqu ezintathu zaboNkulunkulu.

126 Ngiyakholwa kuloNkulunkulu oyedwa ezikhundleni ezintathu: UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Yikho ngempela kungani salayezwa ukubhaphathiza eBizweni likaYise, leNdodana, loMoya oNgcwele. Ngiyakholwa ukuthi nguNkulunkulu ezehlisa, esiza phansi.

127 Manje, uNkulunkulu, lapho Ebonakala kuqala emuntwini, Wayesesimweni seNsika yoMlilo. Liyakukholwa lokho, akusikho? I. . . Loba ngubani obala iBhayibhili uyazi ukuthi iNsika yoMlilo yayisenkangala kwakuyiLogos, okwakuyiNgilosi yeSivumelwano, okwakungu Khristu.

128 Ngoba, Wathi. . .Waye. . .Kwakungasi. . .Ngiyakholwa nguJohane oNgcwele 6 lapho, Yena wathi, “UAbrahamu engakabikhona,” oka “NGINGUYE.” Waye “NGINGUYE.”

129 Ngakhoke, lowo kwakunguNkulunkulu, ongcwele; ngitsho nxa umuntu wayethinta intaba, wayefanele abulawe, bona. Kunjalo. Manje, lowoNkulunkulu wayezama ukusebenza indlela Yakhe yokubuyela esidalweni Sakhe Asidalayo. Manje, Wayengenelisi ukuza eduzane labo, ngoba babelezono, njalo igazi lembuzi futhi lezimvu alizange lisuse isono. Siyazi lokho. Lamboza isono nje.

130 Manje, kodwa ke uNkulunkulu ofanayo owayeyiNsika yoMlilo, Wabayinyama, ngeNdodana Yakhe, futhi wahlala emzimbeni othiwa yiNkosi uJesu Khristu. IBhayibhili lathi, “Kuye kuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba.” Futhi uJesu wathi ku. . .Yebo, ku Timothy wakuQala 3:16, “Kungela impikiswano, imfihlakalo inkulu yobunkulunkulu.” Futhi nxa bengayibiza ukuthi inkulu, kungani, kuyini esingakwenza, bona? “Inkulu imfihlakalo kaNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, futhi wabonwa zingilosi, njalo wemukelwa phezulu eNkazimulweni,” futhi lokunjalo. Manje, futhi Wathi kuJohane oNgcwele 14, kuThomasi, “Nxa usubone Mina, usubone uBaba. Futhi kungani usithi wena, ‘Sitshengise uBaba?’” IBhayibhili lathi, ukuthi, “UNkulunkulu wayekuKhristu, ebuyisa umhlaba Kuye.”

131 Manje, uNkulunkulu kangeke abengabantu abathathu, oNkulunkulu abathathu. Lakho uJesu kangeke abenguYise Wakhe ngoKwakhe, ebunyeni. Bona? Ngakho, uyabona, kwenza kokubili kubekuphambuke kakhulu.

132 Manje, futhi khathesi nxa ungananzelela, akula ndawo. . . Nxa silaboNkulunkulu abathathu, singamahedeni. Manje, siyakwazi lokho.

133 NjengomJuda wathi kimi ngesinye isikhathi, lapho ngikhuluma laye, wathi, “Nguphi kubo onguNkulunkulu wakho? Nguphi kubo onguNkulunkulu wakho, uYise, iNdodana, kumbe uMoya oNgewele? Nguphi ongowakho?”

Futhi ngathi, “Ngani, akula boNkulunkulu abathathu.”

134 Wathi, “Awungeke uqume—uqume uNkulunkulu iziqu ezinthathu futhi Umnikeze umJuda.”

Ngathi, “Hatshi, mnumzane.” Ngathi . . .

135 Lapho uJohn Rhyn wasiliswa ebuphofwini, le eFort Wayne, uyazi; futhi lo rabi lo phezulu la eMishawa- . . . kumbe kuFort . . . Benton Harbor. Wathi, “Awungeke uqume uNkulunkulu iziqu ezintathu futhi Umnikeze umJuda.”

136 Ngathi, “Ngempela hatshi. Kangenzi njalo.” Ngathi, “Rabi, kungakunzimela ukuthi ukholwe abaprofethi?”

Wathi, “Hatshi.”

137 Ngathi, “KuIsaya 9:6, wayekhuluma ngobani, ‘Sizalelwe uMntwana, iNdodana iphiwe, uzabizwa uMeluleki, uNkulunkulu olaMandla, iNkosana yoKuthula?’”

Wathi, “KwakunguMesiya.”

Ngathi, “Ngakhoke, Rabi, buhlobo bani uMesiya azakuba labo kuNkulunkulu?”

Wathi, “Uzakuba nguNkulunkulu.”

138 “Yikho ebengikucabanga.” Bona? Manje, uyabona, yikho okuqondileyo sibili. Yikho ayikho khona Yena. Futhi ngakho ngathi, “Ngitshela khathesi lapho uJesu ehluleka ukugcwalisisa okwatshiwo ngumprofethi ukuthi uzakwenza.” Futhi waqala ukukhala futhi wahamba ebhoda. Ngathi, “Ngalokho, uJohn Rhyn ulokubona kwakhe.” Bona?

Futhi yena wathi, “Kude loNkulunkulu ukuba lendodana!”

139 Ngathi, “UJehova omkhulu wamboza owesifazana, njengomprofethi wayetshilo ukuthi uzakwenza Yena, futhi wadala isicucu sesakhi seGazi. Futhi isicucu sesakhi seGazi yikho okuza khona umzimba kaKhristu.

140 “Khangela, kuThestamente eliDala, Rabi,” Ngathi, “lapho umutnu esiyanikela, wayethatha iwundlu. Wayesazi ukuthi waphule umlayo kaNkulunkulu, ngakho wayethatha iwundlu. Wayevuma izono zakhe, futhi leliwundlu lalibulawa. Lapho i . . . izandla zakhe ziphezu kwewundlu; ukuvuma kwakhe lokho ayekwazi ukuthi kumele afele izono zakhe, kodwa iwundlu lalithatha indawo yakhe. Futhi isicucu sesakhi segazi sichitheka; futhi waliphatha iwundlu elincane ngesandla sakhe waze wezwa impilo yalo encane iphuma kulo, futhi liwoma. Ngakhoke umpri, njengoba sisazi, waphosa igazi e—emlilweni, ilathi lethusi lokwahlulela.”

¹⁴¹ Ngakhoke ngathi, “Lowomuntu, ngakho, wayephuma le, esazi ukuthi iwundlu lithethe indawo yakhe, kodwa waphuma elesifiso esifanayo lalapho engena, bona, ngoba kwakungasusi isono. Bona? Kodwa, njaloke, loludaba, ‘Umkhonzi esehlaziwe, kasela sazela sesono.’ Kulesosikhathi, kwakulomnikelo owawusenzwa umnyaka ngamunye lamunye. Kodwa,” ngathi, “manje kulalesisikhathi, ‘umkhonzi esehlaziwe, kasela sazela sesono.’ Ngoba. . .

¹⁴² “Khangela, Rabi. Phakathi kwehemoglobini, leyompilo encane eqala phakathi kwesicucu sesakhi, esivela kowesilisa, singena kowesifazana. Futhi uyaletsa iqanda; kodwa, inkukhu ingabekela iqanda, kodwa nxa ingazange ibe leqhude, alisoze lacacada.”

¹⁴³ Futhi ngathi, “Yikhoke uNkulunkulu, omkhulu owagcwalisa isikhathi sonke lomkhathi, weza phansi ukuba yimbewana eyodwa esiswini sowesifazana.” Futhi ngakho ngathi, “Lapho sisindiswa lamuhla. . . uJesu wayengasomJuda kumbe oweZizweni, ngoba iqanda laletha inyama kuphela. IGazi lalileMpilo. Ngakhoke si—si. . . IBhayibhili lathi, ‘Sisindiswe ngeGazi likaNkulunkulu.’ Bona, Wayengaso mJuda futhi oweZizweni; WayenguNkulunkulu. Ngakhoke, lapho sisiza elathini futhi sifake izandla zethu, ngokholo, phezu kwekhanda Lakhe, futhi sizwe ukudabuka lokububula kweKhalvary, njalo sivume izono zethu, ukuthi siphambanisile, futhi Yena wafa endaweni yethu!

¹⁴⁴ “Njaloke, uyabona,” ngathi, “igazi lalelowundlu lalingeke lize phezu kwalokhu, igazi elali. . . Isicucu sesakhi saphohlozwa, futhi lempilo eyakhululwayo, ekuphohlozeni lesisakhi segazi lewundlu, yayingeke ize phezu komkhonzi, ngoba kwakuyimpilo yenyamazana, futhi kwakungahlangani lempilo yomuntu.

¹⁴⁵ “Kodwa lesisikhathi, lapho isicucu sesakhi seGazi siphohlozwa, kwakungasimuntu nje. kwakuyiMpilo kaNkulunkulu, eyakhululwayo. Futhi lapho umkhonzi ebeka izandla zakhe, ngokholo, phezu kweNdodana kaNkulunkulu, futhi evuma izono zakhe, hatshi impilo yomunye umuntu, kodwa iMpilo kaNkulunkulu iyaphenduka kulowomuntu, eyiMpilo elaPhakade. Ibala elithi *Zoe*, ngokuhunyutshwa, ‘iMpilo kaNkulunkulu ngoKwakhe.’ Futhi Yena wathi Uzasinikeza iZoe, iMpilo elaPhakade, futhi khathesi singamadodana lamadodakazi kaNkulunkulu. Nankoke.”

¹⁴⁶ Ngathi, “Manje kuyini? NguNkulunkulu, ezehlisa. Yena weza, kuqala; ‘akulamuntu owayengaMthinta,’ ngoba umuntu wayewonile. Ngakho Wasesehla phansi emzimbeni, ‘ukuthi anambithe isono. . . ukuthatha isono.’ Bona, Yena, into nye uNkulunkulu ayengayenza, ukuthi alunge, kwakuyikuyenza ngaleyondlela.”

147 Njengomzekeliso, ngabe ngangilamandla kulo umbuthano likuseni, njengoNkulunkulu wayelawo phezu kohlanga lwesintu, futhi ngathi, “Umuntu wokuqala ozakhangele leyana insika, uyafa,” futhi uTommy Hicks ayikhangele? Manje, njengomzekeliso, ngithathe uCarl-... “Mzalwane Carlson, wena umfele.” Lokho kuyabe kungalunganga. Ngingathi, “Leo, ungunobhala wami; umfele.” Lokho kuyabe kungalunganga. “Billy Paul, ndodana yami, umfele.” Lokho akulunganga. Indlela nye engingalunga ngayo, yikuthatha indawo yakhe mina.

148 Futhi yikho uNkulunkulu akwenzayo. Yena, uNkulunkulu, unguMoya. Futhi Yena wadala... Yena, Yena waguqula isimo Sakhe. Kufanele kube kumangalisa, ebantwini, ukucabanga ngoJehova omncane. Wayengeza, eyindoda ekhulileyo, kodwa Yena weza esitebeleni, phezu kwenqaba yomquba. UJehova omncane, ekhala njengomntwana. UJehova omncane, edlala njengomfana. UJehova, ebaza, njengomuntu osebenzayo. UJehova omncane, eminyakeni yobuntanga. UJehova, elenga phakathi kwamazulu lomhlaba, ejuluka indenda lezikhwehlela zamasotsha adakiweyo ebusweni Bakhe. UJehova, efela abantwana Bakhe. UJehova, esifa, ukuze ahlenge; hatshi omunye umuntu, kodwa uNkulunkulu ngoKwakhe! Bona, UNkulunkulu, kwakuyisikhundla Sakhe. Kungani? Uzama ukubuyela enhliziyweni yomuntu.

149 Manje, sasingeke simthinte Yena, *Khonale. Lapha*, samuzwa Yena ngezandla zethu. Manje kuyini Akwenzayo, ngokunikelwa kwalowomzimba? WabanguJehova *phakathi* kwethu. Sizingxenye Zakhe. Ngo Suku lwePentekhosti, iNsika yoMlilo yaZehlukanisa phezulu, futhi indimi zoMlilo zahlala phezu komunye lamunye, kutshengisela ukuthi uNkulunkulu wayezahlukanisa ngoKwakhe phakathi kweBandla Lakhe.

150 Ngakhoke, bazalwane, nxa singabuya ndawonye, futhi silethe Lokho ndawonye! Ngakho siloJehova ekugewaleni, nxa sibuya ndawonye. Kodwa singakwenzanjeni thina, lapho lo omunye ekhuluma ngendimi futhi elobhaphathizo, lo omunye; futhike egcina *lolu* limi loMlilo laphaya, njalo *lowu*? Asikufakeni Khona ndawonye.

151 Lapho uNkulunkulu, ngoSuku lwePentekhosti, wehla phansi, futhi iBhayibhili lathi, “Indimi zoMlilo zahlala phezu komunye ngamunye wabo.” Futhi ba... “Indimi, njengoMlilo,” inhlamvu. Kwakuyileyo Nsika yoMlilo izahlukanisa Yona futhi lokuzigabanisa Yona, ebantwini, ukuthi thina sibe ngabazalwane. “Ngalolosuku lizabakwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba uKimi; Mina ngiKimi, njalo lina liKimi.” Futhi, thina, thina simunye. Thina simunye, kasehlukana.

152 Manje, uJehova uNkulunkulu, phezulu *Lapha*, wayengenelisi ukuthinta uhlanga lwesintu, ngenxa yomlayo Wakhe ngoKwakhe wobungcewele; uJehova uNkulunkulu

wabayisono ngenxa yethu, futhi wahlawula imbhadalo; ukuthi uJehova uNkulunkulu ofanayo engeza futhi aphile *phakathi* kwethu. UNkulunkulu *phezu* kwethu; uNkulunkulu *elathi*; Hatshi oNkulunkulu abathathu; uNkulunkulu oyedwa! OProfesa bayahlanya, bezama ukukudingisisa Khona. Kuyi—kuyisambulo. Kufanele kwanjulwe kuwe.

¹⁵³ Manje, khathesi, lapho kusiza ekubhaphathizweni, khathesi, abantu abanengi. . . Manje, kufanele likwenze lokho, bazalwane. Kumbe, kufana lami ngisithi kuMfowethu uScism futhi loMfowethu uNess, ukuthi nxa unga. . . I—impikiswano yeza. Futhi loba, inengi lenu zifundi lapha lazi okufanele ukwedlula mina; kodwa ngenze ukufunda okunengi ngesifundo lesi. Futhi ngafunda i*Pre-Nicene Fathers*, i*Nicene Council*, futhi bonke abembali, lokunjalo.

¹⁵⁴ Lolo udaba lweza eKhansili yeNicene. Wonke amacele asetshakazile; lapho ibandla leKhatolika lithatha icele lobuthathu obudlulisileyo, njalo omunye waya ekukholweni koyedwa, futhi wonke amacele aphumela phandle. Yikho sibili, ngoba umuntu wayelolutho lokwenza kukho.

¹⁵⁵ Wena kumele wekele uNkulunkulu akwenze, akulasizatho sokuzama ukukudingisisa. Asibeni ngabazalwane. Asiqhubekeni futhi siyekele uNkulunkulu enze into Azayenza. Nxa Yena engapheli futhi esazi zonke izinto, futhi watsho isiphetho kusukela ekuqaleni, singenza njani ulutho ngakho? Yala uqhubekela phambili nje. Yiyo indlela. Hlala usendleleni, njengokutsho kwami ubusuku obudluleyo, loJoshuwa wethu omkhulu.

¹⁵⁶ Manje khangelana, nxa kulaboNkulunkulu abathathu. . . Ngifuna nje ukulitshengisa ukuthi kuhlekisa njani lokhu. Nxa kulaboNkulunkulu abathathu, ngakho uJesu wayenguYi-. . . UJesu wayengeke abenguYise Wakhe ngoKwakhe, emunye. Futhi, nxa kulabathathu, Yena kazalwanga uzalo lwentombi. Manje bangaki. . . [UMfowethu uBranham uyenza umzekeliso, esebenzisa izinto ezintathu—Mhl.] Ngizakuthi *lokhu* nguNkulunkulu uBaba; futhi *lo* nguNkulunkulu iNdodana; futhi *lo* nguNkulunkulu uMoya oNgewele.

¹⁵⁷ Manje, kini lina bazalwane elitshiyeneyo lapha, khangelani lokhu okomzuzu nje futhi libone engizama ukulikhombisa khona. Ngiyakhuleka ukuthi uNkulunkulu engalenza likubone. Manje, khangelani, lina lonke liyakholwa okufanayo, kodwa udevuli ungene phakathi kwenu njalo walehlukanisa ngakho. Kuyinto efanayo sibili, futhi ngizalitshengisa, ngosizo lukaNkulunkulu, futhi langeBhayibhili likaNkulunkulu. Nxa kungasoBhayibhili, ngakho lingakwamukeli. Kukahle.

¹⁵⁸ Kodwa khathesi khangelana. [UMfowethu Branham uyenza umzekeliso, esebenzisa izinto ezintathu—Mhl.] *Lokhu* ku (yini?) uNkulunkulu uBaba; *lokhu* nguNkulunkulu iNdodana; *lokhu*

nguNkulunkulu uMoya oNgcwele. Yeboke, khathesi, asimeni okomzuzu, sibeka lokhu okuthathu la; UNkulunkulu uYise, iNdodana, futhi uMoya oNgcwele.

¹⁵⁹ O, a—angiyi kubalesikhathi sokwenza lokhu. Mina... [Abazalwane bathi, “Qhubekela phambili! Qhubekela phambili!”—Mhl.] Kodwa, bona, kahle, ngizatshetsha ngokwenelisa kwami. Lingixolele, bazalwane bami, kodwa a—a—angikaze ngikhulume lani, futhi ngi—ngifuna ukwenza lokhu.

¹⁶⁰ Futhike, khangela; UNkulunkulu uBaba, iNdodana, uMoya oNgcwele. Manje, Ngubani owayenguYise kaJesu Khristu? UNkulunkulu wayenguYise kaJesu Khritu. Sonke siyakukholwa lokho. Kuqondile na? [IBandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Kukahle.

¹⁶¹ Manje, nxa singathatha uMathewu 28:19, lapho uJesu wathi, “Ngakho hambani, lifundise zonke izizwe, libabhaphathize eBizweni likaYise, leleNdodana, lelikaMoya oNgcwele,” sekudlule amalanga alitshumi, uPetro wasesithi, “Phendukani, libhaphathizwe lonke eBizweni leNkosi uJesu Khristu.” Kulokuphikisana okuthile kweyinye indawo. Manje, kasinga . . . kuloku . . .

¹⁶² Wonke umuntu ufakazile, lokunjalo. Nanku lapha. Nantu ukholo lwami, njalo ngilubeka phambi kwenu, bazalwane. Angikutsho lokhu kumaphuluphithi; kukini. Kodwa ngifuna ukulitshengisa lokho engikubonayo nhlangothi zombili, ukuze uMoya oNgcwele alambulele kini, bona.

¹⁶³ Manje, kuMathewu 28:19, futhi nxa—nxa uMathewu 28:19 ephikisana loZenzo 2:38, ngakho kulokuphikisana eBhayibilini, futhi alifanelanga iphepha elalotshwa kulo.

¹⁶⁴ Manje unganazelela kuMathewu isahluko 16, uJesu wanikeza kuPhetro isambulo, futhi wamnikeza izihluthulelo.

¹⁶⁵ Manje, khumbula, iBhayibhili alambulwa ngemfundiso yezenkolo eyenziwe ngumuntu. Ngitsho. Yisambulo.

¹⁶⁶ Kwakuyisambulo, ekuqaleni. Kungani uAbela wanikela kuNkulunkulu umhlatshelo olunge kakhulu ukwedlula uKhayini? “Kwembulwa kuye,” ukuthi kwakungasi amapintshisi, lama aphuli, lama orentshi, lama aphuli. Nxa ama aphuli engenza abafazi ukuthi bazibone ubunqunu, kungcono sibaphe ama aphuli njalo, mzalwane. Alicabangi njalo na? Manje, lokho, lokho kuzwakala sengani yikuhlambalaza, kodwa angitsho lokho. Kodwa, kwakungasi ama aphuli. Hatshi, mnumzane. Manje, futhi nxa kunjalo, ngakho, “Kwembulwa kuAbela,” ukuthi wayeligazi likayise. Ngakho wanikela igazi, ngoba kwakuyi sambulo. Into yonke iyakhelwe phezu kwalokhu.

¹⁶⁷ Manje khangela, nangu umgoli wenhlanzi omdala ongazilutho, ongela ngitsho imfundo eneleyo . . . IBhayibhili lithi wayengazi njalo engafundanga. Kodwa wayemi khonapho, futhi

uJesu wasebuza umbuzo, “Lithi ngingubani Mina iNdodana yomuntu?”

¹⁶⁸ Omunye wathi, “Kungani, Ungu—Ungu Mos- . . .” Kumbe, “Bathi—bathi, ‘Ungu Mose.’”

“Bathini, bangithi Ngingubani?”

Omunye wathi, “Kungani, UnguJeremiya kumbe omunye wabaprofethi, futhi *lokhu, lalokhuya*, kumbe *okunye*.”

¹⁶⁹ Yena wathi, “Akusiwo umbuzo lowo. Ngilibuzile *lina*. Lithi ngingubani Mina?”

¹⁷⁰ Futhi uPhetro wahle waphuma egcekeni, wathi, “UyiNdodana kaNkulunkulu.”

¹⁷¹ Futhi Yena wathi, “Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana, kaJonasi.” Manje khangela. “Inyama legazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba Wami oseZulwini.” Bona?

¹⁷² Manje khangela, khateshi, ibandla leKatholika lithi Wakha iBandla phezu kukaPhetro. Kungamanga.

¹⁷³ Ibandla lamaProtestanti Lona lithi, “Walakha lona phezu Kwakhe.” Kodwa manje khangela ufumane, bona ukuthi yikho.

¹⁷⁴ Walakha Lona phezu kwesambulo sikamoya esokuthi Waye eNgubani, bona, ngoba Wathi, “Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJonasi. Inyama legazi akukwambulelanga lokhu. Ngithi wena unguSimoni; phezu kwaleli dwala” (dwala bani? isambulo) “Ngizakwakha iBandla Lami, njalo amasango esihogo akasoze alinqobe Lona.” [UMfowethu Branham uqoqoda iphuluphithi kathathu—Mhl.]

¹⁷⁵ Ngakho, uPhetro wathi emile lapho uMathewu 28 etshiwo, futhi waphenduka futhi, amalanga alitshumi esedlule, elesambulo leso, njalo ebhaphathize eBizweni ele “Nkosi uJesu Khristu.” Wakwenzelani? Elesambulo sikaNkulunkulu; njalo elezihluthulelo zoMbuso, mzalwane.

¹⁷⁶ Manje ngingalizwisa ubuhlungu okomzuzu nje, olunye uhlangothi lweni, kodwa manini okomzuzu. Akula ngitsho indawo eBhayibhilini lapho umuntu wabhaphathizwa eBizweni lika “Yise, Ndodana, uMoya oNgcwele.” Akula ngitsho indawo eyodwa emiBhalweni. Njalo nxa ikhona, ilethe. Nxa futhi ungayifumana loba ngaphi embalini engcwele, kuze kube sekubunjweni kwebandla leKatholika, ngifuna ukutshengise. Akulandawo, khateshi, futhi lokho liqiniso.

Kodwa manje mana umzuzu, lina Oneness, umzuzwana nje.

¹⁷⁷ Manje, akula ndawo lapho . . . Nxa omunye umuntu engangitshengisa okulotshiweyo emBhalweni lapho leso senzo sombhaphathizo esasetshenziswa khona eBhayibhilini, sika “Yise, Ndodana, Moya oNgcwele,” ubotshelwe ukuthi ubuye uzongitshela lapho omunye owabhaphathizwa ngaleyondlela.

178 Futhi abanye bakhona bathi, “Yebo, ngizathatha uJesu akutshoyo, hatshi uPhetro akutshoyo.” Nxa babephikisana, omunye lomunye, sizakwenza njani? Nxa konke kungasi uNkulunkulu, yiphi ingxenye yeBhayibhili eqondileyo?

179 Konke kufanele kuhambelane futhi kubuye ndawonye, futhi kuphela isambulo sikaNkulunkulu. Izikolo zethu azisoze zikufundise. Kuyisambulo, okufanele usibone Sona.

180 Ngakhoke, nxa abantu laba ababili babephikisana, omunye komunye, ngakho luhlobo bani lweBhayibhili esilibalayo? Ngikwazi njani ukuba uJohane 14 uqondile, kumbe hatshi? Ngikwazi njani ukuba uJohane 3 uqondile, kumbe hatshi? Njani, njani, ngazi njani? Bona?

181 Kodwa indlela kuphela eyokuthi ngibe lokholo kuNkulunkulu, yikwazi ukuthi lelo iBhayibhili liqondile, njalo ngiyalikholwa liqondile Lona, futhi ngihlale ngiqondile kanye Lalo. Laloba nginga Lizwisisi, ngiya Lihambisa, loba kunjani.

182 Kodwa nxa lokhu kuphikisana kusiza, mina ngiya hamba phambi kukaNkulunkulu, ukuyadingisisa. Futhi iNgilosi yinye ehlangana lami emihlanganweni, njalo ebusuku, yiyo Yona Eyangifundisayo Lokhu. Bona? Manje bona nxa lokhu kuyikho, ukuthi kuyikho njani.

183 Manje, uMathewu 28:19, asikhangeleni okwesikhatshana manje. Futhi manje ngizathatha uZenzo 2:38 khona lapha, lapho uPhetro wathi, “INkosi uJesu Khristu.” Futhi uMathewu wathi, “UYise, iNdodana, uMoya oNgewe.”

184 Manje lalela. Wathi, “Libabhaphathizeni...” Hatshi “ebizweni likaYise, ebizweni leNdodana, ebizweni likaMoya oNgewe.” Kazange akutsho lokho. Akula “bizo... ebizweni... ebizweni.”

185 Kazange athi, “Libabhaphathize *emabizweni* kaYise, iNdodana, loMoya oNgewe,” ngoba akulangqondo.

186 Wathi, “Babhaphathizeni eBizweni (B-i-z-o) likaYise, iNdodana, loMoya oNgewe.” Liqiniso na? [IBandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] “. . .likaYise, iNdodana, loMoya oNgewe,” ukuhlanganisa, “futhi, futhi, futhi.”

187 Hatshi “emabizweni.” Hatshi “ebizweni likaYise, ebizweni leNdodana, ebizweni likaMoya oNgewe.” Hatshi, “*emabizweni* kaYise, iNdodana, loMoya oNgewe.” Kodwa, “eBizweni,” B-i-z-o, ubunye, “likaYise, Ndodana, Moya oNgewe.” Manje, yiliphi kulawo okulibizo eliqondileyo elokubhaphathizela kulo? LiBizo linye. Yiliphi eliyilo? U “Yise” yilo ibizo eliqondileyo, kumbe “Ndodana” yilo ibizo eliqondileyo, kumbe “Moya oNgewe” yilo ibizo eliqondileyo?

188 Li “Bizo,” kweyinye indawo. Kulungile lokho? [IBandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Yebo, manje ngifuna ukulibuza okunye, manjeke. Nxa i “Bizo,” ngakhoke, nxa uJesu

wathi, “Babhaphathizeni eBizweni likaYise, iNdodana, futhi loMoya...” Bangaki abakholwa ukuthi uJesu watsho njalo? [“Ameni.”] Yiwo uMbhalo. Ngu Mathewu 28:19, “EBizweni likaYise, iNdodana...”

¹⁸⁹ [UMfowethu Branham ubona okuphazamisayo—Mhl.] Yilutho esi...Hatshi, yi, bengicabanga...Kulungile, mnumzane. [Umzalwane uthi, “Uxolo, Mfowethu Branham?”] Yebo. [“Ngifuna ukutshintsha ithephu leyi, njalo angifuni ukutshiya okunye.”] Yebo. [Indawo engelalutho kuthephu.] ...?...

¹⁹⁰ Manje, “eBizweni likaYise, Ndodana, futhi loMoya oNgcwele.” Manje lalelani, bazalwane. Akulanto enjengokuthi ibizo lika “Yise,” ngoba Yise akusi bizo. Yisihloko. Akulanto enjengokuthi ibizo le “Ndodana,” ngoba Ndodana yisihloko. Akulanto enjengokuthi bizo lika “Moya oNgcwele.” Yikho ayikho Yena.

¹⁹¹ Ngangikutsho lokho esidlweni sekuseni sabatshumayeli ngeyinye ikuseni, futhi omunye owesifazana...Ngaphandle kohlelo, kunjalo, loba ngubani ubengaphazamisa, loba yini kanjalo. Wathi, “Mana okomzuzu nje! Ngiyaxolisa!” Wathi, “Moya oNgcwele libizo.”

¹⁹² Ngathi, “Yikho oyikho Wona. Ngingumuntu, kodwa ibizo lami aliso ‘Muntu.’”

¹⁹³ Kungu Moya oNgcwele. Akusilobizo. Yikho oyikho Wona. Libala elimela umuntu, yeboke, kodwa akusilo i...Li—li... Akusilo ibizo.

¹⁹⁴ Manje, nxa wathi Yena, “Babhaphathizeni eBizweni likaYise, leNdodana, njalo leloMoya oNgcwele,” futhi uYise, iNdodana, kumbe uMoya oNgcwele akusibizo, ngakho iBizo liyini? Sifuna ukukudinga.

¹⁹⁵ Manje, sonke singakuthola endaweni yinye lapha, nxa lingakhangela futhi—futhi—futhi sisebenzise isikhathi esincane khathesi, kumbe silondolozise isikhathi esincane, bengifuna ukutsho. Manje nanzelela uMathewu 28:19. Manje, angitsho ukuthi...

¹⁹⁶ Lingabe, lingabe lakwenza, abanye benu bodade kumbe abazalwane. Lingabe ladobha ibhuku, ngolunye usuku, njalo lakhangela emuva kwalo, lathi, “uJohane lo Mariya baphila kuhle emuva kwalokho.” Yebo, ngubani uJohane lo Maria? Kuyini...ngubani uJohane lo Maria abaphila kuhle emuva kwalokho? Kulendlela nye kuphela ozabakwazi ngayo ukuthi uJohane lo Maria ngobani; lokho, nxa kudida kuwe, buyela uyebala ibhuku. Kuqondile na? [IBandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Buyela ekuqaleni uyebalisisa lonke, futhi kuyakutshela ukuthi uJohane loMariya ngobani.

197 Yeboke, nxa uJesu wathi, uJesu Khristu iNdodana kaNkulunkulu, eyathi, “Ngakho hambani, lifundise izizwe zonke, libabhaphathize eBizweni likaYise, leleNdodana, lelukaMoya oNgcwele,” njalo uYise, iNdodana, kumbe uMoya oNgcwele akusilo bizo, ngakhoke, nxa kudida, kungcono sibuyele ekuqaliseni kweBhuku.

198 Manje asivuleni kusahluko 1 sikaMathewu, njalo siqale khonapho, unikeza imbali yosendo, kuze kwehle kufike kundima 18.

199 Manje khangela, khathesi khangela umzuzu nje. [UMfowethu Branham uyafanekisa, esebenzisa izinto ezintathu—Mhl.] *Lowu* nguYise, esandleni sami sokudla; *lokhu* okuphakathi yiNdodana; *lalokhu* nguMoya oNgcwele. Manje, *lowu* nguYise kaJesu Khristu. Kuqondile na? [IBandla lithi, “Ameni.”] UNkulunkulu nguYise kaJesu Khristu. Sonke siyakukholwa lokhu na? [“Ameni.”] Kulungile.

200 Manje uMathewu 1:18 wathi:

Ukuzalwa kukaJesu Khristu kwaba kanje: Lapho . . . unina uMariya esethembisane loJosefa, bengaka wa . . . bengakahlangani, wafunyanwa eselesisu ngo . . .

201 [IBandla lithi, “Moya oNgcwele.”—Mhl.] Bengicabanga ukuthi uNkulunkulu wayengu Yise wakhe.

Uzakuzala indodana, . . . ubusuyithi ibizo JESU: . . .

Ngoba uJosefa umkakhe, engumuntu olungileyo, . . . engathandi ukumyangisa ebantwini, kodwa wayefuna ukumlahla ngensitha.

Ngale indlela, kwathi esanakana lezizinto, khangela, ingilosi yeNkosi yabonakala kuye ephutsheni, isithi, Josefa, ndodana kaDavida, ungesabi ukumthatha uMariya umkakho: ngoba lokho akukhulelweyo kungo . . .

202 [IBandla lithi, “Moya oNgcwele.”—Mhl.] Bengicabanga ukuthi uNkulunkulu wayenguYise Wakhe. Manje, ulaboYise ababili yini, bazalwane? [“Hatshi.”] Ngezake abelabo. Nxa Yena wayelabo, Wayengumntwana wobufebe, futhi luhlobo bani lwenkolo esilayo la? Kumele uvume ukuthi uNkulunkulu uYise futhi loMoya oNgcwele nguMoya munye ofanayo. Ngempela, Kuyikho. Ngempela, NguMoya munye ofanayo. Manje, sesiqedile, njalo liyakubona.

Njalo uzakuzala indodana, njalo baza kuyithi ibizo lokuthi JESU: ngoba yena uzakusilisa abantu bakhe esonweni sakhe.

. . . lokhu konke kwenzeka, ukuba kugcwaliseke . . .

203 Ngicaphuna umbhalo. Lina bafundisi liyakwazi, ngisaqhubeka.

...ukuba kugcwaliseke... wakhuluma umprofethi, ngeNkosi, esithi,

...intombinto izakuthatha isisu, i...belethe indodana, futhi bazakuyibiza ibizo layo ngokuthi nguEmanuweli, okuyikuthi ngokuphendulelwa,...

204 [UMfowethu Branham uyama. IBandla lithi, “UNkulunkulu ulathi.”—Mhl.] “UNkulunkulu ulathi!” Kuqondile lokhu na? [“Ameni.”]

205 Ngakhoke ngubani iBizo likaYise, iNdodana, loMoya oNgcwele? [Omunye umzalwane uthi, “uJesu Khristu.”—Mhl.] Yebo, ngempela. Yiso isizatho uPhetro wababhaphathiza eBizweni lika “Jesu Khristu.”

206 Kodwa, angilandaba, nxa ubhaphathizwe ebizweni leLuba leSharon, iLuba leSigodi, iNkanyezi yoKusa, lezi yizihloko, futhi. Nxa inhliziyi yakho ilungile phambi kukaNkulunkulu, Yena uyayazi inhliziyi yakho.

207 Kodwa manje, khathesi, ngikutshengisele lokho. Manje, khathesi ngithe... Manje uMfowethu Scism wathi, “Manje!” Njengoba lisazi, ngeqiniso, lokho kwakhanya ingani yiOneness, ngakho ubeqondile ngalokho.

208 Manje ngathi, “Manje lapha ngifuna ukutsho olunye ulutho kini.” Bona? Ngathi, “Manje ngifuna ukulitshengisa ukuthi laba, amadoda amabili, batshe into efanayo.”

209 Manje, uMathewu wathi, “EBizweni likaBaba.” Kuliqiniso na? [IBandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Kulungile. Futhi uPhetro wathi, “EBizweni leNkosi.” UMathewu 28:19 wathi, “EBizweni likaYise,” futhi iZenzo 2:38 wathi, “EBizweni leNkosi.” UDavida wathi, “INKosi yathi eNkosini yami.” Kwaku Ngubani? UYise leNkosi liBizo elifanayo. UDavida wathi, “INKosi yathi eNkosini yami, ‘Hlala Wena esandleni Sami sokudla.’” Bona, “EBizweni likaYise; eBizweni leNkosi.”

210 Futhi uMathewu wathi, “EBizweni leNdodana,” futhi uPhetro wathi, “EBizweni likaJesu.” Ngubani iNdodana? UJesu.

211 “EBizweni likaMoya oNgcwele,” kwaku nguMathewu; futhi uPhetro wathi, “EBizweni likaKhristu,” iLizwi.

212 UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, “INKosi uJesu Khristu.” Yindaba, kuphelele njengokuba kunjalo. Bona?

213 UMfowethu Scism wathi kimi, kumbe, UMfowethu Scism, umzalwane weOneness, wathi, “Mfowethu Branham, kulungile, kodwa,” wathi, “lokhuya yilokhu.”

214 Ngathi, “Ngakhoke, lokhu yilokhuya.” Kulungile. Bona? Ngathi, “Nxa kuyilokhu, lokhu yilokhuya. Ngakho kuyini eliphikisana ngakho?”

215 Ngathi, “Kahle ngilikhuthaze, bazalwane. Nxa ngingabhaphathiza umuntu, nanko lapha...”

216 Ngathi, “Manje, nangu uDkt. Ness.” Ngakho wena... omunye wathi, isikhatshana esedluleyo, lina bazalwane, lina ebelimazi uDkt. Ness.

217 Yebo, ngizathi, lapha, Mfowethu Hicks lapha, ule... Ngicabanga ukuthi uleDigri kaDokotela. Kuqondile na? Kulungile.

218 Manje ngithe, “Nxa uDkt. Ness, ehlezi lapha...” Manje ngithe, “Nxa bengifuna...” Manje, nxa ngingathatha umuntu ngiye emanzini, ukumbhaphathiza, ngiyakunanzelela ngendlela efanayo laye, ngathi, “Lokho bekuyizihloko eziya eBizweni Lakhe.”

219 Ngathi, “Manje, abazalwane beAssembly basebenzisa izihloko, futhi abazalwane beOneness basebenzisa iBizo.” Ngathi, “Manje ngizalitshengisa, ukuthi liphambukile lobabili, mina ngiqondile.” Liyazi ukuthi kuzamele li...Lilamadoda aphantsi kokusindwa ngileyondlela, kumele libe lomqondo wokuhlekisa kanye ngesikhatshana, ukuba ukhulule kancane. Ngakho ngathi, “Ngizalitshengisa ukuthi liphambukile lobabili, mina ngiqondile.”

220 Ngathi, “Manje nxa ngabe bengifuna ukuhlonipha uMfowethu Ness, bengizathi...”

221 Kumbe, kumbe uMfowethu Hicks lapha, bona. Bengingathi, “Hicks!” Manje, lokho kungazwakala mnandi na? Hatshi. Awu, nxa ngabe ngithe, “Dokotela! Heyi, Dokhu! Zithini?” Manje, lokho kuzwakala kungelanhlonipho, akusikho na?

222 “Lapho,” ngathi, “yiyo indlela lina beAssemblies elenza ngayo, bona. Lapho lina bazalwane beAssembly lisithi, ‘Ebizweni likaYise, leleNdodana, loMoya oNgcwele,’ liphongukuthi, ‘ebizweni likamhlonitshwa, udokotela.’”

223 Ngasengisithi, “Ngakho, lina bazalwane beOneness, nxa libhaphathiza, lithi, ‘Jesu!’” Abasebenzisi...

224 Bona, oJesu Only, basebenzisa nje ibizo “Jesu.” KulaboJesu abanengi. Kodwa, YiNkosi uJesu Khristu, liyabona. Banengi... Babhaphathizeni ebizweni lika “Jesu,” Mina ngempela angivumelani lalokho; akulaMbhalo. Wena thatha owakuqala, bona nxa kungasi “Nkosi Jesu Khristu.” Ngempela, UyiNkosi uJesu Khristu. Banengi oJesu, ngempela. Njalo u*Khristu* ngo “Gcotshiweyo.”

225 Ngathi, “Manje, nxa bengizatsho into yinye kuMfowethu Ness. Bengizakuthi, kungazwakala kuhle ukuthi ngithi, ‘Heyi, Ness!’” Ngathi, “Yiyo indlela lina amaOneness elitsho ngayo. Bona? Akusikho ukweyisa okungelanhlonipho kuleyondoda efundileyo, futhi wathola iDigri yobuDokotela? Nxa efunde kanzima kulokho, kufanele akuphiwele inhlonipho lokho.”

226 Futhi ngathi, “Ngakho nxa ngabe ngithe, ‘Heyi, Dokhu!’” Ngathi, “Lokho akuzwakali kukubi, ukuba umfundisi abingelele

omunye?” Kumba, ngathi, “Yiyo indlela eliyiyenzayo ngayo, kuphela ngecele lesihloko.”

227 Kodwa ngathi, “Lapho ngithatha umuntu ngisiya emanzini, ngiyahamba lapho njalo ngimbuze, futhi ngixoxe laye, njalo ngithole ibizo lakhe futhi lokuthi ungubani, njalo lokholo lwakhe.

228 “Ngakho ngibesengikhuleka, ngisithi, ‘Manje, Baba, njengoba Wasilayeza “hambani emhlabeni wonke lenze izizwe zonke zibe ngabafundi, . . .”’” Lina bazalwane liyazi yikho okwasekuqaleni, bona. ““ . . .lenze abafundi izizwe zonke, libabhaphathize eBizweni likaYise, leleNdodana, lelikaMoya oNgcwele; libafundise ukugcina zonke izinto eNgili . . .zonke izinto Osifundise zona.””

229 “Ngakho ke ngathi, ‘Mayelana lokufakaza kokholo lwakho; mayelana lokufakaza kwezono zakho, futhi lokholo lwakho kuNdodana kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, mzalwane wami othandekayo, eBizweni leNkosi uJesu Khristu.’”

230 Ngathi, “Yiyo indlela engikubhaphathiza ngayo. Ngiyananzelela izihloko Zakhe, ukuthi Wayeyini, uYise, iNdodana, loMoya oNgcwele. Futhi isizatho uJesu watsho njalo, sasiyi . . .”

231 Manje khangela. Nxa—nxa lokho kungenjalo, kulokuphikisana eMbalweni wakho; ulokuphikisana. Njalo uzakwenzanjani lapho . . .Sithi nxa lumfowethu womBhuda engaphakama etsho njalo, “Manje *lokhu* ke?” Bathini lapho bengitshela . . .

232 Ngale, lapho lumfowethu wesiIndia emelana loMorris Reidhead, njalo wathi kuye, wathi, “Phoke uMakho 16?” Waze wadeda kukho.

233 Akumelanga udedele ulutho. Yilo iLizwi likaNkulunkulu. Hlala Lalo. Khuleka kuphela. Thola isambulo. Konke kundawonye.

234 Bona, bobali batsho into yinye, manje; hatshi izihloko; hatshi khonokho. Ngathi, “Manje . . .”

235 NgaMnanzelela. wayenguYise; hatshi omunye uNkulunkulu. WayeyiNdodana; hatshi omunye uNkulunkulu. UNkulunkulu ofanayo! Wena . . .Yizikhundla ezintathu. UNkulunkulu esikhathini sokuba nguBaba, nxa ufuna ukukubiza njalo, ubuYise; ubuNdodana; njalo nguNkulunkulu munye okithi khathesi, “Ngizakuba lani.” U “Ngi,” isabizwana somuntu, “Ngizakuba lani.” Ngakho, liyabona, yizikhundla ezintathu, hatshi oNkulunkulu abathathu.

Manje, mzalwane, nxa abalandeli bengakusebenzisanga, futhi kusiya njalo . . .

236 Angitsho lutho ngiphikisana lakho. Kulungile. Ngiyalitshela, nxa umuntu ephuma la, wabhaphathizwa

ebizweni le “Luba leSheroni, iLuba leSigodini, njalo leNkanyezi yoKusa,” njalo ekholwa uJesu Khristu njengoMsindisi wakhe, ngingathi, “UNkulunkulu akubusise, mzalwane! Wozani, sihambe!” Bona? Kulungile. Ngoba, nxa inhliziyi yakho ingalunganga, awulunganga, loba kunjani. Kunjalo ngempela. Njalo i—inhiziyi yakho kufanele ilunge.

²³⁷ Futhi ngathi, “Manje khangela. Manje, nxa bengizabingelela uMfowethu Ness la, ngizathi ‘uRev. UDkt. Ness.’ Kunjalo sibili. Ungumfundisi. Kufanele ananzelelwe njengo rearendi. Ufundile, njalo ufunde okujulileyo. Ule Digri yobuDokotela, ngakho kufanele abizwe ngokuthi ‘dokotela.’ Yiso isihloko sakhe, bona. Futhi ibizo lakhe ngu ‘Ness,’ kuloba. Manje, angeke ngitsho, ‘Heyi, Ness! Heyi, Dokhu!’ Hatshi, lokho kuyabe kungalunganga. Ngingatsho, ‘URev. uDkt. Ness.’

²³⁸ “Bona, yikho engikubizayo, bona, lokho Ayikho; konke uYise, iNdodana, loMoya oNgwele, ‘iNkosi uJesu Khristu.’” Bona?

²³⁹ Futhi ngathi, “Nxa ngingabhaphathiza omunye emabandleni enu wonke, yiyo indlela engizababhaphathiza ngayo.” Ngathi, “Ungamamukela na, Mfowethu Ness?”

²⁴⁰ Wathi, “Ngempela. Usebhaphathizwe eBizweni likaYise, eleNdodada, loMoya oNgwele.”

Ngathi, “Ungamamukela na, Mfowethu Scism?”

Wathi, “Ngempela, usebhaphathizwe eBizweni likaJesu.”

²⁴¹ Ngathi, “Ngakho yini indaba ngani, bazalwane? Kungani lingakwamukeli lokho, njalo lidilize imduli le lapho laba abantu abahawulayo ba...? AbeOneness bafuna uku, impela, amabandla, bafuna ukukhonza lamaAssemblies. Futhi amaAssemblies, ibandla, bafuna ukukhonza labeOneness. Futhi abazalwane banjalo. Banjalo. Kodwa nxa nje udevuli ebona balwe...”

²⁴² Manje liyabona engikutshoyo, bazalwane? Ngifinyelela kunto yinye, uJesu Khristu, futhi lokumanyaniswa koMzimba kaJesu Khristu. Yiyo injongo yami. [IBandla lithi, “Ameni.”—Mhl.]

²⁴³ Manje, angitsho lutho mayelana, “Heyi, awubhaphathizwanga eBizweni likaJesu; uya esihogweni.” Manje, ngumbhedo lo.

²⁴⁴ Ngizalitshelela okwenzakala ngolunye usuku. Bengiphansi eTexas. Phambi kokuba ngingakasuki... Futhi aba—abazalwane lapha bangabafakazi kulokhu. Abebandla leOneness, amabandla angamatshumi ayisikhombisa lambili, babesekela imihlangano yami. Njalo ngafaka uMfowethu Petty, umzalwane weAssembly of God, phezu kweplatifomu lobobusuku. Manje, liyakwazi ukuthi liqiniso. Ungumzalwane othandekayo, uMfowethu Petty, nxa omunye wenu emazi, usuka

eBeaumont, Texas. Ngomunye wamadoda alungileyo esengike ngahlngana lawo. Umkakhe liKatholika eliguqukileyo, umfazi ongcewele ngempela. Uyindoda kaNkulunkulu yoqobo.

²⁴⁵ Ngitshela ukuthi ngubani olungileyo ukudlula indoda uRoy Wead, oweAssemblies of God. Tshono omunye phakathi kwala amadoda, khangela la, bonke laba bazalwane engibaziyo lapha. UMzalwane ovela kubandla lePhiladelphia lapha, njalo lamadoda eAssemblies Of God, njalo ngubani olunge kakhulu kulalabantu? Ngitshela ukuthi ngaphi. Ngitshela ngubani olunge kakhulu ukudlula uJack Moore? Ngitshela lokho. Uyilokho abakutshoyo. . . Ngabanye babo. Kala mqondo odlulisa amalawulo. Uyafumana abalomqondo abadlulisa amalawulo nhlangothi zombili; njalo yikho lapho abantu abakhomba khona, futhi yikho lapho udevuli akhomba khona.

²⁴⁶ Kodwa bonke ngamadoda kaNkulunkulu. UNkulunkulu ubanikeze uMoya oNgcewele. Nxa bekungasimusa kaNkulunkulu, ngabe sonke asisekho, ngokuxabana kwethu lokunjalo. Lokho kuliqiniso. Kodwa umusa kaNkulunkulu uyasibophanisa ndawonye. Akumangalisi yikho sihlabela, “Silungile isibopho esibopha inhliziyzo zethu ndawonye ethandweni lwesiKhristu.” Yikho esikudingayo, njaloke.

²⁴⁷ Futhi njalo liyazi ukuthini? UMphathi Jikelele phezu kwe—kwe bandla, wangibiza, wathi, “Ubusazi okwenze izolo ebusuku?” Ubusuku bami besibili lapho.

Ngathi, “Ini?” Ngathi, “Ngibe lomhlangano omuhle.”

Wathi, “Ubulendoda kuphuluphithi eyisoni.”

Ngathi, “Bengingazi lokho.” Ube ngaphi. . .

Wathi, “Mnu. Petty.”

²⁴⁸ “O,” ngathi, “isoni? Ini?” Ngathi, “Ungumtshumayeli we-Assemblies of God, mzalwane.”

²⁴⁹ Wathi, “Yebo, kodwa ulokhe eyisoni, ngoba kakabhaphathizwa kuhle.”

²⁵⁰ Futhi ngathi, “Mzalwane, ngiyacela ngitshela ukuthi kungani.” Ngathi, “UloMoya oNgcewele.”

²⁵¹ Wathi, “Mfowethu Branham, uPhetro wathini? ‘Phendukani, libhaphathizwe eBizweni likaJesu Khristu ukuze lithethelelwe izono zenu.’ Ngakho izono zenu ngezake zithethelelwe uze ubhaphathizwe eBizweni likaJesu.”

Ngathi, “Yiyo indlela na, mzalwane?”

Wathi, “Yiyo indlela.”

²⁵² Ngathi, “UNKulunkulu waphazamisa uhlelo Lwakhe ngoKwakhe, kuMisebenzi 10:49, ngoba, ‘Kwathi uPhetro esakhuluma lawomazwi, uMoya oNgcewele wehlela phezu kwabo bonke abalizwayo iLizwi,’ bona, futhi babengazake babhaphathizwe, ngitsho. Ngakho, uNkulunkulu wanikeza

